REMARKS FOR MAYOR CLLR CYRIL XABA AT THE OFFICIAL OPENING OF HUNSLETT ROAD AND BRIDGE, 12 NOVEMBER 2025

- Mphathi woHlelo
- Chairperson of Human Settlements and Infrastructure: Cllr Themba Mvubu
- Deputy Chairperson of Human Settlements and Infrastructure: Cllr Sifiso Mkhize
- Ward 46 Sihle Mazibuko Councillor:
- Councillor for Ward 48: Cllr Michelle Lutchman
- Amakhansela wonke akhona, Cllr Mzimela, Cllr Ntshangame
- Regional Coordinator: Smiso Mkhize
- Abasebenzi baMasipala
- Umphakathi wakwaMashu nasePhoenix
- Izihambeli zethu

Sanibonani.

Namuhla sizokwethula ngokusemthethweni ingqalasizinda ebalulekile yomgwaqo uHunslett kanye nebriji okusanda kulungiswa okwakulinyazwe izikhukhula zika 2022.

Le nqalasizinda, esendaweni yezimboni ezahlukahlukene laphaya ePhoenix Industrial Park. U-Hunslett umgwaqo omkhulu ohlanganisa Abedare Drive kanye noMalandela Road. Umsebenzi wokulungisa lengqalasizinda okubize uR67 million, uqale ngo Januwari 2024 waphela ngo Juni kulonyaka.

Ukukhombisa ukuthi sizimisele ukulungisa ingqalasizinda eyalimala ngezikhukhula, leli ibhuloho lesithathu engilivulayo kulonyaka elilungiswe ngezigidi zemali. Lokhu kuthumela nomyalezo ocacile emphakathini ukuthi nemali esayithola kuhulumeni omkhulu yokulungisa ingqalasizinda eyalinyazwa izikhukhula isebenza ngendlela efanele.

Kulengqalasizinda sifake kabusha ama-culvert amathathu kumfula iPiesang ukuze kuqine ezokuphepha emgaqweni, kunciphe isiminyaminya emgaqweni kulendawo ukuze kuhambeke kangcono. Siphinde saqinisekisa ukuthi lengqalasizinda ingaguguleki kalula uma kuphinde kuba nezikhukhula.

Lomsebenzi omuhle kangaka futhi onobuchwepeshe wenziwe ithimba likaMasipala elingaphansi kwe Engineering Unit, asiwunikezanga ama consultant. Lokhu kukhombisa ngokusobala ukuthi sizimisele ngokwakha umkhandlu ukwaziyo ukuzenzela izinto.

Ngesikhathi kulungiswa lengqalasizinda kudaleke amathuba omsebenzi angu-20 inyanga selokhu leproject. Lokhu kuchaza ukuthi maningi amalunga omphakathi athole ithuba lokubamba iqhaza kulomsebenzi yize bebeqashwa okwesikhashana.

Singumasipala waseThekwini sizibophezele ukuthi silungise umonakalo owadalwa izikhukhula iminyaka ilandelana kusukela ngonyaka ka 2022 ezindaweni ezihlukene ezingaphansi kweTheku. Ngokubuka ukushintsha kwesimo sezulu esikhathini samanje, sesikhethe ukuthi uma sakha noma silungisa sisebenzise ubuchwepheshe okuqinisekisa ukuthi sigweme ukulimala kwengqalasizinda yethu.

Angithathe lelithuba ngibonge ukubambisana nokusebenzisana phakathi kwaMasipala, umphakathi wakulendawo kanye nezimboni ezizinze ePhoenix Industrial Park ngesikhathi kukhala ipiki nefosholo kulendawo.

Siyabonga.